

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
KUTHITHU 1	TITUS 1
1:1 UPawulu, inceku kaNkulunkulu nomphostoli kaJesu Kristu ngokokukholwa kwabakhethiweyo bakaNkulunkulu nangokokwazi iqiniso elingokokukhonza uNkulunkulu,	1 Paul, a servant of God and an apostle of Jesus Christ for the faith of God's elect and the knowledge of the truth that leads to godliness—
1:2 ethembeni lokuphila okuphakade uNkulunkulu ongaqambi amanga akwethembisa phambi kwezikhathi zaphakade,	2 a faith and knowledge resting on the hope of eternal life, which God, who does not lie, promised before the beginning of time,
1:3 kepha ngesikhathi esifaneleyo ubonakalisile izwi lakhe entshumayelweni engayiphathiswayo ngokomyalo kaNkulunkulu uMsindisi wethu,	3 and at his appointed season he brought his word to light through the preaching entrusted to me by the command of God our Savior,
1:4 kuThithu, umntanami ngempela ngokokukholwa esikuhlanganyele sonke: Makube kuwe umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba nakuKristu Jesu uMsindisi wethu.	4 To Titus, my true son in our common faith: Grace and peace from God the Father and Christ Jesus our Savior.
1:5 Ngakushiya eKrethe ngenxa yalokhu ukuba uhlele okusaseleyo, umise amalunga emizini yonke, njengokuba ngakuyala,	5 The reason I left you in Crete was that you might straighten out what was left unfinished and appoint[a] elders in every town, as I directed you.
1:6 uma kukhona ongasolekiyo, indoda emfazi munye, enabantwana abakholwayo abangenakusolwa ngokushinga nabangalaleliyo.	6 An elder must be blameless, the husband of but one wife, a man whose children believe and are not open to the charge of being wild and disobedient.
1:7 Ngokuba umbonisi umelwe ukuba abe ngongasolekiyo njengomphathimuzi kaNkulunkulu, ongaziqhenyi, ongesiso isififane, ongesiso isiphuzi, ongesiso isilwi, ongesiye ohahela inzuzo embi,	7 Since an overseer[b] is entrusted with God's work, he must be blameless—not overbearing, not quick-tempered, not given to drunkenness, not violent, not pursuing dishonest gain.
1:8 kepha ophatha kahle izihambi, othanda okuhle, oqondileyo, olungileyo, ongcwele, ozithibayo,	8 Rather he must be hospitable, one who loves what is good, who is self-controlled, upright, holy and disciplined.
1:9 obambebele ezwini elithembekileyo ngokwesifundiso, aze abe nakho nokuyala ngesifundiso esiphilileyo nokwahlula abaphikayo.	9 He must hold firmly to the trustworthy message as it has been taught, so that he can encourage others by sound doctrine and refute those who oppose it.
1:10 Ngokuba baningi abangalaleliyo abakhuluma ize, nabakhohlisayo, ikakhulu abokusoka,	10 For there are many rebellious people, mere talkers and deceivers, especially those of the circumcision group.
1:11 abamelwe ukuthuliswa, abachitha indlu iphela, befundisa okungafanele ngenxa yenzuzo embi.	11 They must be silenced, because they are ruining whole households by teaching things they ought not to teach—and that for the sake of dishonest gain.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
1:12 Omunye kubona, umprofethi wakubo, washo wathi: “AbaseKrethe bangabaqambimanga njalo, izilwane ezimbi, iziminzi ezivilaphayo.”	12 Even one of their own prophets has said, "Cretans are always liars, evil brutes, lazy gluttons."
1:13 Lobo bufakazi buqinisile. Ngalokho-ke ubayalisise, ukuze baphile ekukholweni,	13 This testimony is true. Therefore, rebuke them sharply, so that they will be sound in the faith
1:14 benganaki izinganekwane zabaJuda nemiyalo yabantu abafulathela iqiniso.	14 and will pay no attention to Jewish myths or to the commands of those who reject the truth.
1:15 Kwabahlanzekileyo konke kuhlanzekile; kepha kwabangcolileyo nabangakholwayo akukho lutho oluhlanzekileyo, kodwa kungcole ingqondo yabo nonembeza wabo.	15 To the pure, all things are pure, but to those who are corrupted and do not believe, nothing is pure. In fact, both their minds and consciences are corrupted.
1:16 Bavuma ukuthi bayamazi uNkulunkulu, kepha bayamphika ngemisebenzi yabo bengabenyanyekayo, nabangalaleliyo, nasemisebenzini yonke emihle kabasizi lutho.	16 They claim to know God, but by their actions they deny him. They are detestable, disobedient and unfit for doing anything good.
KUTHITHU 2	TITUS 2
2:1 Kepha wena khuluma lokhu okufanele isifundiso esiphilileyo	1 You must teach what is in accord with sound doctrine.
2:2 sokuthi: Amadoda amadala mawabe ngazithibayo, azothileyo, aqondileyo, aphilile ekukholweni, nasothandweni, nasekubekazeleni;	2 Teach the older men to be temperate, worthy of respect, self-controlled, and sound in faith, in love and in endurance.
2:3 kanjalo nabesifazane abadala baziphathe ngokufanele abangcwele, bangabi ngabahlebi, bangabi yizigqila zewayini eliningi, babe ngabafundisi bokuhle,	3 Likewise, teach the older women to be reverent in the way they live, not to be slanderers or addicted to much wine, but to teach what is good.
2:4 ukuze bafundise abesifazane abasha ukuthanda amadoda abo, bathande nabantwana babo;	4 Then they can train the younger women to love their husbands and children,
2:5 babe ngabaqondileyo, abamhlophe, abaphatha kahle amakhaya, abamnene, abathobela amadoda abo ukuba izwi likaNkulunkulu lingahlanjalazwa.	5 to be self-controlled and pure, to be busy at home, to be kind, and to be subject to their husbands, so that no one will malign the word of God.
2:6 Ngokunjalo ubayale abesilisa abasha ukuba babe ngabaqondileyo,	6 Similarly, encourage the young men to be self-controlled.
2:7 uzibonakalise kukho konke ube yisibonelo semisebenzi emihle, nasekufundiseni kwakho ubonakalise ukungonakali, ube nesizotha,	7 In everything set them an example by doing what is good. In your teaching show integrity, seriousness
2:8 ukhulume okuqondileyo okungasolekiyo, ukuze omelana nathi abe namahloni, engenalutho olubi angalukhuluma ngathi.	8 and soundness of speech that cannot be condemned, so that those who oppose you may be ashamed because they have nothing bad to say about us.

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
2:9 Yala izinceku ukuba zithobele amakhosi azo, zikholeke ezintweni zonke, zingaphiki nkani,	9 Teach slaves to be subject to their masters in everything, to try to please them, not to talk back to them,
2:10 zingantshontshi, zibonakalise konke ukwethemba okuhle, ukuze zihlobise isifundiso sikaNkulunkulu uMsindisi wethu ezintweni zonke.	10 and not to steal from them, but to show that they can be fully trusted, so that in every way they will make the teaching about God our Savior attractive.
2:11 Ngokuba umusa kaNkulunkulu wokusindisa ubonakalisiwe kubantu bonke;	11 For the grace of God that brings salvation has appeared to all men.
2:12 uyasifundisa ukuba sidele ukungakholwa nezinkanuko zezwe, sihambe ngokuqonda, nangokulunga, nangokumesaba uNkulunkulu kulesi sikhathi samanje,	12 It teaches us to say "No" to ungodliness and worldly passions, and to live self-controlled, upright and godly lives in this present age,
2:13 sibheke ithemba elibusisiweyo nokuvela kwenkazimulo kaNkulunkulu omkhulu noMsindisi wethu uJesu Kristu	13 while we wait for the blessed hope—the glorious appearing of our great God and Savior, Jesus Christ,
2:14 owazinikela ngenxa yethu, ukuze asihlenge ebubini bonke, asihlambulule isizwe esingesakhe, sishisekele imisebenzi emihle.	14 who gave himself for us to redeem us from all wickedness and to purify for himself a people that are his very own, eager to do what is good.
2:15 Khuluma lokho, uyale, ukhuze ngamandla onke. Ungadelelwa muntu.	15 These, then, are the things you should teach. Encourage and rebuke with all authority. Do not let anyone despise you.
KUTHITHU 3	TITUS 3
3:1 Bakhumbuze ukuba bathobele ababusi neziphathimandla, balalele, balungele imisebenzi yonke emihle,	1 Remind the people to be subject to rulers and authorities, to be obedient, to be ready to do whatever is good,
3:2 bangahlambalazi muntu, bangabi yizilwi, babe ngabavileyo, bebonakalisa ubumnene obukhulu kubantu bonke.	2 to slander no one, to be peaceable and considerate, and to show true humility toward all men.
3:3 Ngokuba nathi kade sasiyiziwula, abangalaleliyo, abadukiswayo, sikhonza izinkanuko nokutamasa okuyizinhlobonhlobo, sihlezi ebubini nangomhawu, sizondekile sizondana.	3 At one time we too were foolish, disobedient, deceived and enslaved by all kinds of passions and pleasures. We lived in malice and envy, being hated and hating one another.
3:4 Kepha lapho sekubonakalisiwe ububele bukaNkulunkulu uMsindisi wethu nothando lwakhe kubantu,	4 But when the kindness and love of God our Savior appeared,
3:5 wasisindisa kungengamisebenzi yokulunga esayenzayo thina kepha ngokwesihawu sakhe ngesigezo sokuphindukuzalwa nokwenziwa sibe basha ngoMoya oNgcwele,	5 he saved us, not because of righteous things we had done, but because of his mercy. He saved us through the washing of rebirth and renewal by the Holy Spirit,

ZULU	NEW INTERNATIONAL VERSION
3:6 amthelayo kakhulu phezu kwethu ngaye uJesu Kristu uMsindisi wethu,	6 whom he poured out on us generously through Jesus Christ our Savior,
3:7 ukuze silungisiswe ngomusa wakhe, sibe yizindlalifa zokuphila okuphakade ngokwethemba.	7 so that, having been justified by his grace, we might become heirs having the hope of eternal life.
3:8 Lithembekile leli zwi. Ngithanda ukuba uqinise impela ngalezo zinto, ukuze abakholwa nguNkulunkulu bakhuthalele ukwenza imisebenzi emihle. Lezo zinto zinhle, zinosizo kubantu;	8 This is a trustworthy saying. And I want you to stress these things, so that those who have trusted in God may be careful to devote themselves to doing what is good. These things are excellent and profitable for everyone.
3:9 kepha gwema imibuzo yobuwula, nezindaba zolibo lokuzalana, nokubanga nokuphikisana ngomthetho; ngokuba lokho akusizi, kuyize.	9 But avoid foolish controversies and genealogies and arguments and quarrels about the law, because these are unprofitable and useless.
3:10 Umuntu onezifundiso ezidukisayo, eselulekwe kanye nakabili male,	10 Warn a divisive person once, and then warn him a second time. After that, have nothing to do with him.
3:11 wazi ukuthi onjalo uphambukile, uyona, ezahlulela yena.	11 You may be sure that such a man is warped and sinful; he is self-condemned.
3:12 Nxa sengithuma u-Arethema noma uThikhiku kuwe, woshesha ukuza kimi eNikopholi; ngokuba nginqumile ukuthi ngizakuhlala lapho ubusika.	12 As soon as I send Artemas or Tychicus to you, do your best to come to me at Nicopolis, because I have decided to winter there.
3:13 UZena, ummeli, no-Apholo wobahambisa ngokunakekela, bangasweli lutho.	13 Do everything you can to help Zenas the lawyer and Apollos on their way and see that they have everything they need.
3:14 Nabakithi mabafunde ukukhuthalela imisebenzi emihle njengokuswelekileyo, ukuze bangabi ngabangenazithelo.	14 Our people must learn to devote themselves to doing what is good, in order that they may provide for daily necessities and not live unproductive lives.
3:15 Bonke abanami bayakhonza kuwe. Khonza kwabasithandayo ekukholweni. Umusa mawube nani nonke.	15 Everyone with me sends you greetings. Greet those who love us in the faith. Grace be with you all.